

PULA IMVUILA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



Abalimi nezimboni bagubha umphumela wokufunda nokubekezela

1



2



3



Umbali wamanoveli oyi-Scottish u Robert Louis Stevenson uthi, 'Ungajaji ilanga ngesivuno osivunile, kodwa ngembewu oyitshalile'. Abakhqizi abadayisayo abazibandakanya ne-*Grain SA's Farmer Development Programme* nakube singekho isivuno abasivunile ngesizini edilule ngenxa yesomiso, kodwa ngoSuku lokugubha uMkhosi kucace bha ukubona ukuthi imbewu yolwazi etshalwe ngaphansi kwengqequeso yabo ibe nomthelela omkhulu emkhakheni wokuthuthukiswa kwabali.

Ngomhla ka- 22 kuSepthemba kulo nyaka izivakashi zazingaphezulu kwama-250 kubalwa nebameli uhulumeni, ebaneqhaza kwezolimo nabalingani selwa ku-160 abakhqizi bokusanhlamvu ababehambale uSuku lokugubha uMkhosi eBloemfontein. Umkhakha wabaxhasi wawumelwe ngu- U-An toes van der Westhuizen (i-John Deere Financial), u-dr Langa Simela (i-Absa AgriBusiness), u-Antoine Delport (Syngenta) no-Clara Mohashoa (Monsanto).

Bonke abakhethiwe bakhombise ukukhula emsebenzini wabo wokulima ngama-input akwa-*Farmer Development Programme* nokusebenza kwabo kanzima wanconywa emcimbini. Le phrogramu ifakazela ukuthi ukwenyuka kolwazi lokulawula ukhula, impilo yenhlabathi nokukhetha imbewu kungaba

*Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo*

Funda Ngaphakathi:

- 06** | **Umlayezo wethemba kubalimi emva kwamasizini ambalwa obunzima!**
- 08** | **Ukupathwa kwezinhlanga zikakolo nekhava yezilimo oyikhethayo**
- 10** | **Bona izimpawu zokuphelelwa yimali**



05



11

12



Abalimi nezimboni bagubha umphumela wokufunda nokubekezela

4



5



6



Yiso le sikhathi sonyaka lapho iningi labantu bekwazi ukuhlaba ikhefu kancane nokuchitha isikhathi neminden yabo. Abalimi ngakolunye uhlangothi banakekela izilimo zabo bagade nokhula lungaphazamisi izilimo zabo. Ungaphumuli ngoba uzovuna umvuzo wamandla akho ezinyangeni ezizayo.

Amamelikana anendathane yesilimo sommbila emasimini abo futhi lokhu kuzophazamisa amanani ommibila kuleli. Kudingeka siqondisise ukuthi amanani aphezulu entengo asiwabonayo kulo nyaka ngeke abe njalo kulo nyaka ozayo. Kufanele siqale ukucabanga ukuthi sihlela ukuwudayisa kuphi ummbila wethu ukuze siqinisekise ukuthi senza inzuso.

Kulabo benu abazilimela bona ukudla okuningi – nikhumbole ukuthi sikhona njalo isikhathi sokutshala ubhontshisi. Ubhontshisi owomile ungmthombo amangazayo wamaphrotheni kudayethi yethu – Kulula ke ukulondoloza ubhontshisi futhi ungacina una yaka wonke.

Sisacobanga ngesikhathi sikaKhisimusi, iso lami liye lanamathela kule kotheshini engezansi nami ngacobanga ukuthi kungaba kuhle kanganani uma singanikeza njengokusho kwale kotheshini.

Umoya kaKhisimusi uhlae enhliziyweni yakho unyaka wonke.

IMIBONO YESIPHO SIKAKHISIMUSI

Nika:
 Isitha sakho, intethelelo.
 Imbangi yakho, yibekezelele.
 Umngani wakho, inhliziyo.
 Ikhasmimende, isevisi.
 Bonke, uzwelo.
 Zonke izingane, isibonelo esihle.
 Wena ke, hlonipha.
 ~ u-Oren Arnold



Isithombe 1: Abathathu abafike kufayineli kule sigaba i- 2016 Grain SA/Absa/John Deere Financial New Era Commercial Farmer of the Year uFrans Mokoena (wase-Tweespruit Freystata), uZondive Motshwene (Emalahleni eMpumalanga, ubemelwe yindodana yakhe, uKarabo) noMaseli Letuka (waseKestell eFreystata). Emuva u-Anto van der Westhuizen (i-Managing Director: ye-John Deere Financial Sub Sahara Afrika) no-Jannie de Villiers (i-CEO: yakwa-Grain SA).

Isithombe 2: Abafinyelele kumafayineli ka-2016 kwa-Grain SA/Syngenta Smallholder of the Year uSizwe Mgwenya (wase-Piet Retief, owinile), uThembaLihle Tobo (wase-Kokstad) no-Hamu Shuwisa (waseLouwsburg).

Isithombe 3: U-Isaac Hlatshwayo (wase-Nelspruit), uDelisile Nkosi (wase-Louwsburg) noMswaiy Zuma (wase-Escourt, owinile) abafike kufayineli ka- 2016 Grain SA/Absa Subsistence Farmer of the Year.

Isithombe 4: Abalimi abathathu bakhulise isivuno sabo futhi manje bangamalungu aziqhenyayo e-1 500 Ton Club: U-Jeremia Mthebula, u-Lucky Khumalo no-Job Dube.

Isithombe 5: U-Simon Teffo no-Remember Mthethwa bajoyine le- 500 Ton Club.

Isithombe 6: Amalungu amasha ceke e-250 Ton Club u-Herbert Mabuza, uSizwe Ngwenya, u-Edwin Mahlati noVuyane Lolwane.

Isithombe 7: UVuyokazi Mvunge noNosabelo Mgolombane eMthatha eMpumalanga neKapa yibo la balimi besifazane ababili abagqoke izingubo zomdabu ezinemibala eqgamile.

Esithombeni 8: U-Preline Swart (Iphini likaSihlalo: Wakwa-Grain SA) unethimba lamanenekazi aseMthatha eMpumalanga neKapa.

USUKU LOKUGUBHA UMKHOSI



nomkhulu umthelela emsebenzini wokulima. Abayisishiyagalolunye bonke abafike kufayineli bakubeke kwacaca ukuthi kubaluleke kangakanani *i-input* yale programu ekutholeni impumelelo. I-Grain SA ubonga iyanconcoza kubaxhasi abenze lephrogramu yaba yimpumelelo: I-Maize Trust, i-Winter Cereal Trust, i-Sorghum Trust, i-OPOT, i-AgriSeTa and Pioner.

Abawinile ngo-2016

I-2016 Grain SA/Absa Subsistence Farmer of the Year abamenyezelwa kwaba ngu-Mswai David Zuma (66) wase-Escourt KwaZulu-Natal. U-David nonkosikazi wakhe, u-Goodness, basebenza njengeqembu nokuba izimvula zifike sekwedule isikhathini bavuna amathani angama-22 ommbila kumahektha ayi-8 abawatshala ngesandla.

Indoda enentshisekelo, uSizwe Innocent Mgwenya (31), wasendaweni yase-Piet Retief uthole i-indondo njenge- 2016 Grain SA/Syngenta Smallholder Farmer of the Year. USizwe wakhela emhlabathini ongamahektha angama-50 awuthola kuyise. Wavuna amathani angama-250 ommbila kulo nyaka wonke wavunwa ngezandla. Impumelelo yakhe ingumphumela wokuphatha kahle umhlabathi okubalwa kukho i-conservation practices kanye ngokugxila okumannala ku-pH nenyuhrishinali balansi.

Abathathu abangene kufayineli esigabeni sika-2016 Grain SA/Absa/ John Deere Financial New Era Commercial Farmer of the Year ngu-Maseli Letuka (eLadybrand), uZondiwe Motshwene (waseLouwsbrg) noFrans Mokoena (waseLadybrand). Owefayineli ngamunye uthole i-voucher yakwa-John Deere Financial abangayishintsha bathole ithuluzi lokulima kwaJohn Deere. Ophumelele wamezelwa kwa-Grain SA Producers of the Year e-gala event nhlaka-14 Okthoba eMidrand. Owinile emunye uzophinde athole ugandaganda i-John Deere ngoxhaso lwe-John Deere Financial ngokubambisana nabakwa-Absa.

U-Jane McPherson (Imenjeni: Yakwa-Farmer Development, Grain SA) ubonge abangane bale phrogramu – labo abesekela le-phrogramu abaqinisekiso ukuthi iyaqhube ka nokuba khona. I-CEO yakwa-Grain SA, uJannie de Villiers Ubonge kakhulu wonke umkhiqizi wokusanhlamu osathuthuka othanda ukueqeshwa nokufundiswa, ukuze aqinisekise ukukhula kwasivuno sabakhqizi bokusanhlamu njalo ngonyaka. Emva kokuhlaselwa yisizini enzima emapulazini abo uJenny Mathews (umkhiqizi wase-Sannieshof nowayengusihlalo webhodi lakwa-Grain Farmer Development Association) wedlulise amazwi akhuthazayo kubalimi. ‘Ukumelana nesizini efana nalena kusho ukuthi umuntu uyi-roller coaster,’ Esho, ‘Isizini efana nalena ibaguqise ngamadolo abalimi bethu, kodwa impi-lo iyaqhube ka. Kunabantu abalambile okufanele sibondle futhi sisengabantu abanamandla ezandleni zethu okukhi-qiza ukudla.’ Ukhuthaze abalimi wabeluleka ukuba balandele iseluleko esitholakala kuMahubo 121 nokuthi ‘ngokuphakamisa amehlo abo’ futhi bangazindli ngezinto ezimbi futhi waphetha ngesaga seSintu, ‘Noma bungaba bude kangakanani ubusuku, kodwa kuzokusa.’

I-athikhili ibhalwe ngu-Louise Kunz,
umbali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwele, thumela
i-imeyili ku-louise@infoworks.biz.

Amaphrofayile omhlabathi nokuhlola umthamo womswakama ogciniwe

Elinye lamathulizi abaluleke kakhulu asetshenziswa abalimi, amakhonsa-ithenti nabaphenyi ukuhlola iphrofayile yenhlabathi yebhlokhi ethile yomhlabathi leyo esetshenziselwa uhlala olugcwele lomkhqizo wezolimo. Lokhu kungasukela ekuhloreni kwezinhlobo zamathafa kubhekwe ukudepha ne-structure, ngokomkhqizo wezilimo namadele, kuye ekuhleleni ukusungula amahlathi okudayisa angaba yimpumelelo.

I-profile hole izokwenza uhloleke, ulinganise nobuningi obunjalo kanye nobubanzi behkava yenhlabathi, impilo yenhlabathi ne-tilth, ukudepha kwenhlabathi, uhlolo lwenhlabathi, ukuhlukaniseka kwenhlabathi ngemikhakha ukuya phezulu, umkhakha ophakathi nophansi. Uma umhlabathi unezilimo ezikhulayo kuwo ukukhula kwezimpande kungalandeleka enhlabathini kanye nanoma yikumuphi umkhakha engenza njengesivimbelo sokukhula ngokuphelele kwempande njengegeja noma ama-disc pans, ngokwesakhiwo imikhakha eqinile noma imikhakha engangeneki ngenxa yekhompozishini noma ukuswela inyuthrishini komkhakha othile ophansi.

Amaphrofayile enhlabathi kufanele ahlowe isizini yonke yokulima uhlolo lwenhlabathi ngalunye olutholakala ekulimeni kwakho. Ukuhlola nobuningi bephrofayile yenhlabathi ngesamba nenani lomswakama ogcinekile emva kwsikhathi sasebusika kungahlwanyeliwe ingakhombisa amafektha amaningi abalulelkile. Uhlolo lungenziwa ukubheka ukuthi ingakanani imvula edingekayo ngasekuqaleni kwehlobo ukuze ukwazi ukutshala ngesibindi nokuthi kazi izilimo zizowuqeda noma cha umjikelezo wokukhula, ngokwe-avareji noma amaphethini emvula ejwayelekile etholakala epulazini lakho.

Imigodi yephrofayile

Imigodi yephrofayile kufanele okungenani ibe u-1 mitha by 1 mitha futhi ijule ngokwanele ikhombise iphrofile yonke yokujuila ngokufanele kokudepha kwezimpande zesilimo noma amadele azotshalwa enhlabathini ethile. Ukuma okumaqondana neMpumalanga/Ntshonalanga kusiza ekuthatheni izithombe emini yasekuse-ni phecelezi midmorning. Imigodi ingambiwa ngesandla noma imbiwe masinyane ngokusebenzisa i-backhoe yomshini ithuluzi eliyisitndadi emapulazini amaningi kulezi zinsuku.

Uma imbalwa imigodi okufanele ihlolwe okokuqala khetha lokho ocabanga ukuthi

amabhlokhi omkhqizo wesilimo esihle noma esibi kakhulu nenhlabathi eyehlukahlkene engaphansi kwamadleo.

Uma uneminyaka eminingi ulima okungenani yenza enhlabathini ihlale ikhqiqa izilimo ezinhle njalo. Lokhu kungaba yibhentshimakhi yephrofayile yenhlabathi epulazini lakho. Ungakkohlwa ukuthi ukudepha okujule kakhulu kwenhlabathi ngeke kukhqiqa kakhulu ngenxa yochungechunge lwezinga zokuvunda okubalwa kuzo isimincu esiphezulu namazinga aphansi efosfethi noma amanye amaminerali. Umqondo omuhle njalo ukuthatha amasampula enhlabathi uma uhlola imigodi yephrofayile yenhlabathi. Isakhiwo senhlabathi jikelele kanye nesimo sokuvunda njengoba umswakama oqukethwe ungasebenza njengesisekelo sokuhlolwa kwsikhathi esizayo njengezindlela zokulima ezisebenzayo futhi kulandelwe izinguqoko ze-soil tilth nokuvunda.

Uma ulwazi lwakho ngenhlabathi olu-tholakele epulazini lakho selubanzi uphawu olukhombisa ukuthi into iziba yimpumelelo noma cha inhlabathi enhle ingasetshenziswa masinyane kuhlolwe ukuthi ibhlokhi ethile izowela kuliphi iklasi lenhlabathi. Amandla omnutho ebhlokhi ngayinye kanti nepulazi lonke linganqunyelwa.

Amanye amathulizi ongahamba nawo kungaba yithephu ebanzi ephuzi yokukala ukudepha komhlabathi ophezulu nemikhakha yenhlabathi, igotshwa kanye nesando sejijolaji ukuhlola imikhakha eqinile nekliphi bhodi yokurekhoda ukuhlaqiywa neminingwane yomgodi ngamunye.

Amanzi assetshenziswa yizitshalo

Amanzi assetshenziswa isilimo asuka kuphrofile yenhlabathi ikakhulukazi anqunyelwa ikhakulukazi yisikhathi sokuhula kwsilimo, amamililitha (mm) amanzi assetshenziswa yisitshalo siwamunca enhlabathini, nange-evapotranspiration yamanzi emvula kusukela phezu kwsitshalo nenhlabathi. Ukusetshe-nziswa kakhulu komswakama kuvamise ukwenzeka ngesikhathi sokumila kwezimbali nandesikhathi sokugcwala kwemidumba.

Ukwenza izibonelo zommbila kungaba nesikhathi sokuhula kusukela ku-125 kuya ku-180 wezinsuku noma yini kusukela ku-500 mm kuya ku-800 mm kuya ngemithelela yesimo sezulu kanye ne-cultivar ekhethiwe. Amavelu ahambelana nobhekilanga u-125 - 130 wezinsuku no-600 mm kuya ku-1 000 mm.

Ukuholowa komswakama wenhlabathi ogciniwe

Ezinye zezinhloso ezibalulekile zokuhlola umswakama enhlabathini kungaba ukunquma isimo somswakama osenhlabathini noma angasiphi isikhathi ngesizini yokuluma noma phakathi kwezilimo. Isilinganiso sesamba sesilimo esidingeckayo singaphansi komswakama osele kutsalwa kuzokuniweza umqondo wemvula noma ukunisela okudingekayo ngesizini yokutshala ukuze isilimo sikhazi ukuqedela umjikelezo waso wokukhula ngokwejwayelekile.

Umthamo wensimu yinani lamanzi asele noma ashiywe enhlabathini izinsuku ezimbalwa emva kokumanziswa nangemuva kokuzigeleze-la kwamanzi asele sekumile. Umthamo wensimu enhlabathini ephezulu futhi ichazwa njengesimo senhlabathi uma kunebalansi ka-50% wamanzi no-50% womoya kuleyo sampula ethile.

I-ndlela yokuzwa nokubukeka' yindlela ephathekayo yokulelinganisa inhlabathi nomswakama emikhakheni eyahlukene, ngezinhlolo ezhahlukene ze-soil texture, ngokucindezelza isampuli yenhlabathi emkhakheni ngamunye owehlukile esandleni sakho ukwakha okuyismo 'sebhola' elingajwayelekile. Isampula nayo iyacindezelwa esandleni sakho phakathi kwsithupha nomunwe wokukhomba ukwenza i-ribhoni. I-texture yenhlabathi, ukukwazi uku-khanda i-ribhoni, i-water glistening, izinhlayiya zomhlaba ohumuzekile, inhlabathi/amanzi ukungcola eminweni kungaqhathaniswa na-mashadi, nangokusebenzisa ulwazi, ngokulinganisa amaphesenti amanzi akhona e-sandy loams, loams, noma ibumba elingaphansi. Umlimi kufanele isifundo sokubona izinhlobo zenhlabathi ezechlukene ukuze ukwazi ukucubungula inhlabathi eyahlukene kwimikhakha yenhlabathi ngokuqonde ngqo.

Ukubala amanzi atholakalayo

Njengomthetho jikelele i-fine sandy loam izogcina u-25, 4 mm per 150 mm ukudepha ne-bumba u-25, 4 mm per 76 mm ukudepha. Ezinye izinhlobo zenhlabathi zigcina umswakama ese-mazingeni aphakathi kwala mavelu.

Ukwenza isibonelo esilula le phrofile hole kwi-Sithombe 1 ikhombisa i-Westleigh soil, eMpumalanga neFreystata, no-45 cm i-fine sandy clay loam topsoil on soft plinthic clay. Kule nhlabathi kwakutshalwe utshani bamadlelo i-eragrostis curvula isikhathini esingaphezulu kweminyaka eyi-15 edlule. Kukhona ubufakazi be-organic matter ephezulu nokwakhiwa kumanyolo ngaphandle kwe-hardpans noma

okuvimbela ukukhula kwezimpande. Ubufakazi bokukhula kwezimpande kutholakele ekujuleni kwe-plinthic clay ethambile.

Ukudepha okusebenzayo kwezimpande kulinganiselwa ku-60 cm. Lo mhlaba uthole imvula eyi-128 mm ngoMashi, Ephreli nangoMeyi ka- 2016. Umswakama wenhlabathi ungalinganiselwa njengalokhu okulandelayo: 450 mm udivayide ngo- 150 mm topsoil x 25,4 mm kwi-60% womthamo wensimu ikhwali 45 mm womswakama ogciniwe kwi-topsoil layer. U-300 mm we-plinthic clay ethambile ingabamba u-60 mm womswakama lokho kusinika isamba sika-105 mm noma u-4 intshi womswakama ogciniwe. Inhlabathi izophindiselwa emuva kuzilimo kuqalwe ngesilimo se-no-till isoya. Silawula nge-glyphosate base namanye amakhemikhali a-playwa ngezifafazi ezimbili azolawula utshani obuzophinda bumile. U-30 mm wemvula etholakele ngomhla ka-20 Okthoba 2016. Ema esewuhlolile umswakama wenhlabathi lo mlimi angatshala ngethemba lokuthi isilimo sizokhula kuze kufike uJanuwari ngaphandle kwene imvula futhi kungenzeka siphumelele noma ingasekho enye iphethini yemvula evamile ngokuzayo.

Ungakholiwa ukuthi umhlaba i-Hutton noma i-Avalon endaweni enemvula ithola i-avareji yesikhathi eside ka-850 mm izoba neminimamu ka 6 t/ha amandla okukhiqiza ummbila. Le-Westleigh ekhonjiswe kwi-sithombe 1, esifundeni esino-625 mm i-avareji yemvula yesikhathi eside izobe yenze isilinganiso esiyi-maximum ka-3 t/ha amandla okukhiqiza ummbila nokungenzeka kube u-4 wamathani ommbila ngomunye onyaka okhethekile.

Isiphethio

Njengomlimi ukuhlakanipha ukwazi inhlabathi yakho kanye nokukwazi ukuhlola umswakama wenhlabathi ukuze ukwazi ukubheka izindlela zokulima ezisebenzayo ukuze ukwazi ukgcina umswakama omningi ukuze unciphise ubongozi ezimalini zokutshala izilimo noma ukulawula amadlelo ngesizini.

Kunconya kakhulu ukuthi lo lushiclelo i- *Soil Classification – A taxonomic system for South Africa, 2nd Revised version, ISBN 0-621-10784-0*, itholakala e-The Research and Technology Manager, Private Bag X79, Pretoria, noma uyi-ode ezitolo ezidayisa izincwadi usebenzise i-ISBN referensi. Leli ‘ibhayibheli’ laseNingizimu Afrika lokwehlukanisa umhlaba futhi kufanele ibe sesikhwameni sezincwadi somlimi wonke njengereferensi yokubheka iklasi lenhlabathi epulazini lakho nanjengento ezokusiza unqume iqiniso lamandla ezolimo epulazini lakho.

I-athikhili ibhalwe umlimi osathatha umhlaphansi.



I-Westleigh soil, isendaweni eseMpumalanga neFreystata, ilinganiselwa ku-45 cm ifayni sandy clay loam topsoil eku-plinthic clay ethambile.

UMLAYEZO WETHEMBA kubalimi emva kwamasizini ambalwa obunzima!

I zikhathi zobunzima kwezomnotho kanye nokuxokozela kwezopolitiki, izikhathi zoku-guquguquka kwesimo sezulu nesomiso – lezi zinto zonke zi-afektha izimpilo zethu ngezindlela eziningi ezahlukene; kodwa umphakathi wezolimo ukwedlula konke UYASIZWA isomiso...ngoba siyawubona umthelela wokwenyuka kwamazinga okushisa kanti ayikho nemvula emasimini ethi, izilwane zethu namadlelo azo – kanjalo futhi nasemaphaketheni ethu futhi. Isomiso sisibona nasezingane zethu uma sizishela ukuthi ayikho imali yokwenza noma yini 'engaphezulu' kulo nyaka...

Ukumelana nezenzo zale sizini edlule be-kufana nokugibela i-roller coaster enemizwa; kwenyusa ithemba, ngeleso sikhathi phansi ngokukhathazeka – bese kuba ukujula nokukhathazeka! Akukaze phambilini kwe-nzeka ukuba ama-input nangezimali kube se-negozini. Yebo abalimi baguqiswe ngamadol ebusweni basinye sezimiso nesivuvu esininya esingasoze sakholwa ezingondweni zethu!

Umgane womlimi bekade ethola ukhanselwa ngengcindezi yakhe. Ugula ngengqondo wamtshela ukuthi imfihlo ukuphu-ma endaweni emnyama enengcindezi ukuba ugcine ukubheka phansi enhlabathini ukuya-eka ukubheka phansi enhlabathini ugula ngengqondo wamtshela ukuthi imfihlo yokuphuma kwingcindezi emnyama ukuyekela ukubhela phansi kodwa UKUBHEKA PHE-ZULU...bheka abantu emehlwani abo; bhekana nezinkinga ngqo. Emandulo UNku-lunkulu wasitshela eZwini Lakhe kuMahubo 121: NGOPHAKAMISA AMEHLO AMI EZINTA-BENI,...UKUSIZA KWAMI KOVELAPHI NA!

Yize kunjalo – impilo iyaqhubeke! Nathi futhi! Kudingeka siphile njengosomabhinisi nanje-nagabantu. Sonke sinobaba nomama, abayeni namakhosikazi, izingane nobhuti nosisi kanye na-baqashi okufanele ubanakekele. Kufanele senze konke okusemandleni ukuze siphile futhi senze nezinlelo ezintsha zesizini entsha. – NGEKE SINIKEZELE! Okunye futhi: **Kudingeka** sikhiqize ukudla kwabantu basezwensi lethu futhi njengaballi **sabizelwa** ukuba abanakekeli bomhlaba.

Ziningi izinto esingakwazi ukuzilawula. Ngeke senze lutho ngezinto ezimayelana nezopolitiki noma ubunzima bezomnotho emhlabeni...ngakho ke kufanele **siyeke ukhathazeka ngazo ngoba lapho kulele izimpande zokungabi nalusizo** kanye nengcindezi eqeda amandla.

KHUMBULA: Izikhathi ofeyila ngazo – **UKUFYEYILA KWANGEMPELA** – ingesikhathi uwa futhi ibhabhalale lapho ungavuki!

Kunalokho ake uzibhekisise kahle. Nquma ukuthi uzophendula kanjani ezimweni zangaphandle ngamandla akho owagodlile nokholo. Zama ukungahlali nje usonge izandla ungenzi lutho. Gwema ukuhlala ezintweni ezimbi isikhathi eside. Izinto ziyilokhu eziyikho! Akukho esingakwenza ukuguqula isivuvu noma ukungqanda isomiso – ngeke silenze line izulu noma senze ukuba kumile utshani...hlala emthandazweni futhi uzindle nsuku zonke ukuze uthola ukuthula ngaphakathi namandla. Gxila kulokho onakho – nakulokho ongakwenza. Ngabe usaphilile futhi asenawo amandla? Usengawenza amapulane?

Yenza izinto ezidinga amandla kodwa hhayi imali

Hlala umataswa futhi wenze izinto ongajwayele ukuzenza. Qoqa ama-shedi kanye negceke epulazini. Hlola onke ama-*implements*; bani-keze ikhotti kapende. Cabanga izinto onga-zenza ekhaya lakho – njengokukhanda nokunakekela izinto ebelikhu ekucefezelza ekucela ukuba umenzele zona unkosikaziwakho. Injabule ekhaya iyasiza futhi izomenza abe nentshisekelo yokukwese kaulezi zikhathi ezizinzima!

Cabanga ngezindlela ezincane zokwenza imali ezosiza ukungenisa imali – ukusaha nokudayisa izinkuni; usebenze engadini yemfi-no ekhaya – noma ngabe kusho ukugcina izandla zakho zimatasa kanye nomqondo wakhe umataswa – futhi ke yiqiniso isenti oli-tholayo liyasiza! Ekuggineni ngci: Thina balimi akufanele siziqhenye kakhulu ngokusebe-nza kwethu ngokuzikhandla noma ukutshela ophathina bethu ngezimo esibhekene nazo. Kufanele senze noma ngabe yini ukusindisa ibhizini lethu futhi sondle namabhinisi ethu. Amandla esiwasebenzisayo azokwenza sigxi-le ezinhlosweni zethu zesikhathi eside futhi zisigcwali-se ngothando lokulwela ukuphila!

Ekuggineni INTO ebalulekile yilokho WENA okwenzayo ngesimo sakho nokuthi uvumela kangakanani ukuba izinkinga zakho ziKUpa-zamise Ngabe izinkinga zakho zizokucindezela, noma zizokwenza wenze okuthile?

AbaseGalathiya 6. v. 9 ithi: 'Kepha nxa senza okulungileyo masingakhathali; ngoku-ba siyakuvuna ngesikhathi esifanele – uma singadangali.'

Kuningi okungashivo mayelana namandla omuntu. Eydwa yezincwadi zami engizithanda-yo eka-Bryce Courtenay's 'i-The Power of One'. Ibhawo kanje, '**Amandla oyedwa**'



Isihlahla esisodwa singadala ihlathi, ukumamatheka kungadala ubungane, isandla esisodwa singaphakamisa umphefumulo, igama elilodwa likafreyma ugoli, ivoti elilodwa lingaguqula isizwe, umsebe welanga owodwa ungakhanyisa ikamelo, ikhandlela eloloddwa lingaxhosha ubumnyama futhi ukuthinta kwakho kanye kungakhombisa ukuthi uyanakekela – impilo eyodwa ingenza umehluko!

Imbhali akaziwa

ingaphezulu kwezinto zonke **amandla okuba ukholelw** kuwena **uqobo...inqondo ngumsubathi**, umzimba yinto eyenza ukuba **igijime ngesivinini noma isikhathi eside**, agxume aye **phezulu**, **agijime aqonde ngqo**, **akhalele kangcono**, abhukude **ngamandla ashaye aqhubeke**, noma **ashaye kangcono isibhakela.**'

Ngikholelwa ekutheni ngithathe isimo esivumayo nasekwenzeni umehluko endleleni yami kube ngegcusilayo kakhulu, ukwenelisa ubukhona ngakho ke kufanele ngizilungiselele ukwenza izinguquko ezincane futhi kufanele ngiphile impi-lo yami ngazi ukuthi NGINGENZA umehluko!

Ngesikhathi umlimi omdala ebuzwa lo mbuzo: Kungani abalimi benikeze izinkinga zabo zezomnotho ngaphedu kwezingqinamba ezingaka kanye nobunzima obujwayelekile ekulimeni?

Waphendula: Njalo, njalo impendule ithi: Uthando sikwenzela uthando. Abalimi balima ngoba bekuthanda ukulima. Sithanda ukubeka nokunakekela ukukhula kwezitshalo. Sithanda ukuhlala lapho kuhona izilwane. Sithanda ukusebenza ngaphandle/emnyango. Sithanda isimo sezulu. Sithanda ukuhlala lapho sisebenza khona nokusebenza lapho sihlala khona. Sithanda ukusebenza nophathina bethu nezingane zethu. Sithanda ukusebenza ngokuzimela futhi asithandi ukutshelwa yimenenja ukuthi senzeni!

Wena ke? Ulima ngoba ukuthanda?

Uzokulwela lokho obekade unakho futhi ungenza noma yini ukuhlenga ipulazi lakho? Uzohlala ngaphakathi endlini uvale amakhethini noma uzotholakala ensimini yakho uhubha izimbuzi nezinkomo, uvikela lonke uhlamu lwamabele kuze kufike isikhathi soku-vuna njengoMnu. Khumalo NoMnu, Ndhlovu abakwenza eduzane kwaseNtabamhlophenegehlobo eledlule?

Ekugcineni, bafowethu, noma yini eyiqiniso, noma yini ehloniphekile, noma yini elungle, noma yini emsulwa, noma yini ethandekayo, noma yini encomekayo, uma kukhona ubulungiswa, uma kukhona okufanele ukudunyiswa – Cabanga ngalezi zinto. (AbaseFilipi 4:8) Kepha bazalwane, konke okuyisiminya, konke okutusekayo, konke okulungileyo, konke okucwebileyo, konke okuthandekayo, konke okubongekayo, uma kukhona okuhle, uma kukhona ukubatshazwa – **qondani kona loko.** (AbaseFilipi 4:8)

Thola ithemba ngokuqinile; kwangathi imvula ingakhemezelza emasimini enu futhi nihlale ngokuthula!

Isaga esidala sesintu sithi: **Akukhathale-kile ukuthi bude kangakanani ubusuku, kodwa kuzofika ukusa. Isomiso sifikile phambilini kodwa sagcina singamukile ekugcineni – kudingeka siqinisekise ukuba asephuli thina kuqala!**

I-athikhili ibhalwe ngu-Jenny Mathews,
umbhali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwale, thumela
i-imeyi ku-jenjonmat@gmail.com.

Ukuphathwa kwezinhlanga zikakolo nekhava yezilimo oyikhethayo



Izinhlwathi zikakolo zivikela inhlabathi.

Ukuphathwa kwezinsalela emuva koku-vuna kubaluleke kakhulu, kungaba yizinhlwathi zikakolo noma izilimo ezingaba yikhava. Abaphathi banendima eba-lulekile okufanele bayidlale empumelelweni yesilimo esilandelayo.

I-conventional noma iphakthizi yolimo *I-we-conservation* lunezindlela ezahlukene zokusebenza ngezimvithi zikakolo. *Ku-conventional farming practices* izimvithi zihlanganiswa ne-nhlabathi ngezindlela ezechlukene zokuthila ngaphambi kokuba kukhiqizwe isilimo esilandelayo. Yindlela elula yokubhekana nezimvithi zakho zokuba izugcinele ukondla izilwane noma umbhede. Ngeshwa akuyona iphakthizi yesikhathi eside ngenani elikhulu le-

carbon lilahlekile ngefomu ye-*CO₂* ngesikhathi kwenziwa sethileji kanye nalokho kuba ne-degradation ngenxa yokulahleka kwesakhiwo senhlabathi. UKususwa kwezimvithi noma izinsalela ngenhloso yokondla noma ukwenza umbhede kuhambisane nokulahlekelwa amanyuthriyenti *kwi-system*, lokho kwenyusa isidingo sikamanyolo ngesikhathi sesizini elandelayo.

Le nqubo ishiya inhlabathi ubala engavikelekile kuma-elementi afana nemvula nomoya okuholela ekulahlekeni kwenhlabathi ephezulu phecelezi *i-topsoil* ngenxa yokuguleka. *I-conservation agriculture* inengqondo eyehlukile, ngokubamba izinsalela ngaphezulu ukuvikela ukuguguleka, kwenze umkhakha wokuvikela kuma-elementi. Kugcina unhlabathi ipholile ehlobo, lokho kusiza ukuvikela

ukubaluleka kwimpilo ye-*microbial* enhlabathini. Le yiphrakthizi yokugcina yokuphatha ayikuvimbeli umlimi ukuba adlise imfuyo izinhlanga ngesikhathi sesizini yasehlobo.

I-Langgewens Research Farm yomNyangwezoLimo eNtshonalanga neKapa, eduze kwase-Moorreesburg eNtshonalanga neKapa, ama-system amane ezilimo ahloliwe kubalwa umthelela wemfuyo edla emadlelweni nezinsalela zikakolo ehlobo. Imfuyo kulama-system iphatwa ngendlela yokuthi kuqinisekiswe izinsalela ezingaphezulu kuka-50% azisuswa. Ngokwenze njalo uyawkazi ukugcina inhlabathi ekhaveke ngokwanele.

Okuhle ngokudlisa imfuyo ukuthi kuyasha ukwenza *i-recycling* yamanyuthriyenti ngemfuyo futhi ukukhaveka kancene kwe-

nhlabathi kwenza kube lula ukutshalwa kwe-silimo esilandelayo, ikakhulukazi uma utshala nge-tine *seeder*. Amasondo emfuyo nawo ayaseza ukwephula izunsalela zibe yizincezwana ezincane okwenza kubelula ukuhamba kwezinsalela ku-seeder. Nakuba ukukhava ngokuphelele kungono kungenza impilo ibe nzima ngesikhathi sokutshala.

Ukusiza ekwenzeni le nkinga ibe lula, umlimi angahudula ithayi eliyirabha ensimini ukuze kwephuke izinsalela zibe yizingcezwana ezilawulekayo futhi usabalalise izinsalela insimu yonke. Kukhona nama-*impliment* awuhlobo lwe-rake angasetshenziswa ukusabalalisa izinsalela insimu yonke emva kokuvuna noma ngaphambi kokutshala isilimo esisha.

Ukupaththa kwezilimo zokukhava kunci-ke kulokho umlimi afuna ukukuthola. Uma utshale isilimo sokukhava ebusika, abaphathi yibo abazonquma ukuthi bazosenzani leso silimo. Singasetshenziswa njenge-hay noma isilimo sokwenza ukudla kwemfuyo, ikhava yenhlabathi noma ingaba ukudla kwemfuyo. Kukho konke lokhu isilimo esiyikhava izosiza ukulawula ukhula. Kubalulekile ukuthi kushesha kutshalwe ngesizini ukuze kwe-lulwe isikhathi sokuhula isikhathi eside ngokwanele. Ubude besikhathi sokulima, uba mningi umkhiqizo okhiqizwayo.

Uma isilimo esikhavile sisetshenziselwa ukudla kwemfuyo i-hay noma sishiyelwa ukuba yikhava yenhlabathi kubalulekile ukususa ikhava ngaphambi kokusethwa kwe-seed eyimpumelelo. Ngasohlangothini lokudla kwemfuyo phecelezi i-hay, ikhava izosikwa ibekwe yome ngaphambi kokuba yenziwe amabhele noma yenziwe umqulu oyisicaba mhlampe ukuze ikhave inhlabathi. Kuzo zombili lezi zimo futhi kungasuswa ngama-*herbicides* arejistiwe. Uma isetshenziswa njengokudla kwemfuyo, izosikwa ngesikhathi ikhava yesilimo ise-zingeni elifanele lokwenza ukudla kwemfuyo.

Uma isilimo sekhava sisetshenziselwa ukudla kwemfuyo, kubili ongakhetha kukho. Okukuqala ungayekela ikhava yesilimo ikhule nje isikhathi eside ngaphambi kokuba ziyidle,



Ukukhaveka kahle kwenhlabathi kugcina umswakama kanti kucindezela ukhula ngesizini elandelayo.

nokungaba yinto engcono kakhulu uma uzodliwa yizinkomo. Ukukhetha kwesibili hleze kungaba ngcono uma wenza ukudla kwezimbuza noma izimvu. Kulokhu kukhetha unedlelo elisheshayo, emva kwalokho isilimo sekhava siyayekwa sikhula. Ngaleso sikhathi imfuyo iyasuswa ihanjiswe edlelweni unomphela kuze kuvele idlelo lesibili ngesizini (uma iphinde yahluma okwesibili). Uma isilimo sekhava sihlume kahle, esikhundleni sokudlisa imfuyo kwesibili, ikhava ingasuswa futhi isetshenziswe njengokudla kwemfuyo okulondoloziwe phecelezi i-hay. Inte ebaluleke kakhulu okufanele uyikumbule ngesilimo sekhava ebusika ukuba isuswe ngaphambi kokuba usethe izinhlamvu.

Ikhava yasebusika ingaphathwa ngendlela efanyayo uma usendaweni ethola imvula eningi ehlobo. Uma ufuna ukutshala ikhava yasehlobo endaweni ethola imvula ebusika noma ikhava yasebusika endaweni ethola imvula yasehloba kungaba kuhle ukususa ikhava isikhathi sise-khona ukucinisekisa ukuthi unesikhathi esanele sokoqoqo amanzi kwi-phrofayile yenhlabathi.

*I-athikhili ibhalwe ngu-Dr Johann Strauss,
i-Directorate Plant Sciences, Research and
Technology Development Services, womNyango
wezoLimo eNtshonalanga neKapa Uma ufuna
imininingwane egcwele, thumela i-imeyilli
ku-johannst@elsenburg.com.*

Pula Imvula's Quote of the Month

Life is about making an impact, not making an income.

~ Kevin Kruse

Bona izimpawu zokuphelelwa YIMALI

Ukuphelelwa yimali kukhulunywa ngesimo lapho ibhizini lokulima linezikweleti eziningi kunempahala/ama-asethi futhi lingasakwazi nokufezekisa izibophezelo zalo. Ukuhlongoza kokuphelelwa yimali akwenzeni ngesikhashana. Yinquo-bo ehamba kancane futhi kuthatha isikhathi (kaningi kuthatha isikhathi okungenani esingaphezelu konyaka) ngaphambi kokuba ibhizini lokulima kuthiwe alisenamali noma igama elifanele kuthiwe ukwehluleka ukukhoka izikweletu phecelezi *insolvent*.

(Lokhu kuholela kulo mbuzo othi ‘Kungani khona abalimi, phakathi nale ngozi’ (isibonelo le somiso esikhona), obani abakwaziyo ukulima ngempumelelo futhi bahlangabeanzane nazo zonke izibophezel?’ Lokhu kungaba yimpikiswano engapheli. Kepha, ekugcineni zonke izizathu zingahambisana nekhwalithi yokuphatha, nasesehlweni sebhizinisi lokulima – ukuphathwa kwepulazi njengoba kwaqiniseki-swa yizifundo eziningi kuleli gunya.

Izincazelo eziningi zokuPhathwa kwama-Pulazi ezikhona kodwa ngokuhlanganisa zonke izincazelo zonke mhlampe okungaphezelu noma ngaphansi zithi ukuphathwa kwepulazi uku-‘UKUQASHA NGEMPUMELELO NOMA INHLANGANISELA YAWO ONKE AMA-RESOURCE, ABANTU NOKUPHATHE-KAYO, UKUPHUMELELA IZINHLOSO ZEBHIZINISI LOKULIMA.’ Ngakho ke isisekelo sama-resource aphanekayo sepulazi akuyona iresipu yempumelelo noma yokwehluleka. Esikhundleni salokho iphefomensi inqunywa yindlela ipulazi eliphathwa ngayo ukusetshe-nziswa kwama-resource ngendlela enekhono.

Ngokuphathekayo ukuphatha kusho ukuplana, ukuhlela, uku-implimenta nokulawula zonke izindawo ngokufanele. Izindawo ezidinga ukulawulwa ukukhiquiza-, ukumaketha-, ukuthenga-, ezezimali-, ekuphatha/administrative-, i-human resource-, i-public relations, ama-asethi nestoko, kanye nokuphatha jikelele. Ngakho ke umlimi kufanele abe ngumpetha wemenenja. Umlii ongumpetha use-zokwazi ukuqasha abaqashi bakhe, umhlaba wakhe kanye nayo yonke impahla engenaku-suswa nazo zonke izimpahla ezisuswayo ngokuyikho ukukhiquiza ukwalithi yomkhiquizo efunwa ngamakhasimende, ngephrofithi.

Ngokunjalo, njengoba si-aplaya umbenzi ngamunye wokuphatha – ukuplana, uku-

hlela, uku-implimenta nokulawula – umlimi/imenjeni engumpetha uzoba ngumholi ovele-le, ongathatha izinqumo, abe nokuxhumana ngaphakathi nangaphandle, onika abanye amandla okwenza umsebenzi, axhumanise izingxene, akhuthaze abantu bakhe futhi aphanthe ngobuqotho kukho kokubili okunga-nqunyelwe mthetho nokuqunyelwe umthetho.

Umkhuba wabaphathi okhombisa ukuphatha budedengu nokunga-afektha impumelelo yepulazi isibonelo kungaba:

- **Ukudembesela noma impatho engaqinile** – njengezimenenja, abanye abalimi bayakwazi okufanele bakwenze, kodwa bayadembesela futhi abakwazi ukuzithiba ukuze basebenzise imigomo efanele yokuphatha.
- **Isikhathi** – abanye abalimi basebenzisa izindlela ezifanele zokuphatha, kodwa njalo basalela emuva ngosuku noma babe se-muva ngeviki emisebenzini yabo. Kwesinye isikhathi batshale sebesalele emuva ngeviki, balapha inkomo egulayo emuva kwesuku igula, noma balungisa intengo yokusanhlamvu kwabo sekwedlule isikhathi.
- **Izinga lokuphila** – amakhaya nezimoto ezincane ngama-asethi angakhiqizi futhi ngakho ke lezo zindleko ziyingxene yeholo lomphathi. Ukuhuphuka kwezindleko, kufakela inzozo yebhizinisi ingcindezi.
- **Ekugcina amarekhodi** – ukulima kuvamisa ukwenziwa ngaphandle kolwazi oluqondile. Abanye abalimi bacabanga ukuthi amapulazi abo enza imali eningi kodwa ukugci-nwa kwamarekhodi hleze kungasho ukuthi ummbila ozikhiquzelwa wona akukhona ‘makhala’.
- **Inguuko** – abanye abalimi abakwazi ukushintsha bahambisane nemaketha eguguqukayo noma isimo sezulu.
- **Ukuma ndawonye** – abanye abalimi babajwe tshi emsebenzini wokuphatha ose-kwedlulelwu yisikhathi ngeminyaku eyishumi, futhi bayehluleka ukubona ukuthi ubuchwe-phese obusha kanye nemikhuba eseyenziwe ngcono ithuthukisiwe kusukela lapho.

Izimpawu zokuphelelwa yimali

Njengoba kushiwo kwipharagrafu yokuqala ukuphelelwa yimali yinqubo lapho lokhu ukulandelayo kuyizimpawu ezikhombisa ukuthi ukuphelelwa yimali kusendleleni.

- Ababolekisa ngemali baqhubecka nokufakela umlimi ingcindezi bethi akabakhokhele.

- Ibhali yemalimboleko iyaqhubecka nokukhula.
- Ukhulisa imigomo yokubhadala. Isibone-lo, kungafakwa idiphozithi noma encane kakhulu emva kwesikhathi eside kakhulu sokukhokha.
- Ukubhadala sekwedlule isikhathi, ngesidingo esiminimamu semali okudingeka ikhokhwe.
- Ukwenza isikejuli kabusha sokukhokha ngesinye isikhathi esizayo.
- Ukwelhuleka ukukhokha i-VAT uma kufanele.
- Ukwesebenza ama-asethi alusi ngasese ukuze uthole imali ukhokhele izindleko zangasese.
- Ukwboleka imali kubangane noma emndenini kodwa ungasho ukuthi uzobabuyisela nini.
- Ukwenza amaphuma ngenhoso kumasheke ukuze uzothola isikhathi sokwenza isheke lesibili.
- Izikhalazo eziningi zenali lemali engaqondile kuma-akhawunti *statements* noma isicelo sokudublikhetha ama-*invoice*.
- Ukwenza izaba uthi imali yokukhokha iseposini.
- Ukwanda kwamahlebezi mayelana nesimo sezimali somlimi.
- Umlii uba nolaka noma abe yinkomo edla yodwa uma kuxoxwa ngemali.
- Ukwenzaba ukukhuluma nababolikisa nge-mali, azibe ngokuthi uhlala esemhlanganwei-ni, engabashayeli abebemshayela ucingo noma adlulisele udaba komunye umnuto oy-akhawuntenti noma umsizi ehhovisi.

Uma lezi zinto zenzeka yisikhathi sokuhlaziya isimo sakho sezimali. Uma ungayenzi inzozo, kufanele kube nomzamo oyisivumelwano owenziwayo ukukhulisa imali engenayo, kwe-hliswe izindleko na/noma kuhlelwe kabusha izikweletu. Uma lokhu kungenzeki, ama-asethi angakhiqizi kufanele adayiswe noma kwensiwe esinye isivumelwano nababolekisa ngemali. Uma lezi zindlela zingakuniweza ithuba eli-bhadiile ukuze uphile ngasohlangothini lwezimali, ukuwa kungaba ukulandelana ukungeke kwagwemeka.

*I-athikhili ibhalwe ngu-Marius Greylings,
Umbhalu wePula Imvula. Uma ufuna
iminingwane egcwale, thumela
i-imeyili ku-mariusg@mccgacc.co.za.*

Ukubaluleka kokulawula kokhula ngezinyanga zasehlobo

Ukhula lulawule lusaqala ngenkathi luselula.

Ukhula yisitha esikhulu somlimi futhi yilo lodwa ingozi enku emandleni esilimo somlimi. Ukulawula ukhula kungaba yinselelo enku ikakhulukazi ngezinyanga zasehlobo kusukela kuNovemba kuye kuJanuwari ngesikhathi zisesigabeni sokukhula ngamandla nangesikhathi isimo sezulu sivuma.

Isikhathi esikahle kakhulu sokulawula ukhula kungesikhathi sesigaba sokuqala sokukhula ngesikhathi luselula futhi lusathambile, ekuqaleni kwezinyanga zasehlobo. Ngeshwa, ngenxa yokwehluleka ukulawula isikhathi nokuhlela sehluleka njalo ukukwenza kahle lokhu.

Lokhu kusishiya nomsebenzi olukhuni wokuzama ukulawula ukhula ngenkathi lukhula ngamandla futhi luqinile. Kungaba nzima ukulawula ukhula ngale sikhathi, kodwa kusadingeka sikwenze! Kubaluleke kakhulu ukuba singaludedeli ukhula lusedlule lube ngaphambi kwethu. Ngumsebenzi oqhukekayo okudingeka sinamathele kuwo ukuze sivune umvuzo wesivuno esihle ngesikhathi sokuvunwa.

Isikhathi esihle sokulawula ukhula

Kudingeka sikhumbule njalo ukuthi isikhathi esihle sokulawula ukhula yingesikhathi lusaqala ngenkathi lusentekenteke kakhulu. Uma siluyeka isikhathi eside ukhula luba ne-nkani kakhulu okwenza kube lukhuni satshe ukulubulala. Ukhula futhi lonamanuyuthriyenti aphezulu kakhulu nomswakama omningi ngesikhathi luseluncane lusakhula ngamandla, ngakho ke uma sifafaza ngaleso sikhathi ukumunca kwalo amakhemikhali nakhu kuzoba phezulu kusinike imiphumela emihle.

Amasu okulawula ukhula ngesikhathi sezinyanga zasehlobo

Njengabalimi sinamatuluzi amabili esinezama ngawo futhi silulawule ukhula. Lawo ngamakhemikhali okulawula ukhula nokusebezisa imishini ukulawula ukhula. Imikhuba yabaphathi izonquma ukuthi iyiphi kule esi-

sayisebenzisa. Isibonelo, uma ulandela iphrakthizi yokungathili epulazini lakho ngaleso sikhathi uzoncika kuphela ekulawulen i ngamakhemikhali. Kanti ku-conventional system uzokusebenzisa kokubili.

Uhlelo olufanele uma kusetshenzisa i-no-tillage practice kuzoba ukulawula lonke ukhula oluseluncane lusaqala ehlobo ngokusebenzisa i-broad based product ebullala ngokuluthinta nje. Lokhu kungenziwa ngokuhlanganiswa ne-pre-emergent herbicide ezokunikeza imiphumela yesikhathi eside. Abalimi abanangi kodwa baqoka ukwenza lama-aplikheshini ngokuzimela njengesimo esifanele sokulawula isimo sezulu elivulile elifudumele.

Ukuze kwensiwe i-pre-emergent application isimo esifunekayo sezulu esi-cool drizzily okusiza amakhemikhali ukuba amunceke kwi-sub-soil okunikeza imiphumela emihle. Ukuhala kwakamuva kuzokwensiwa enye i-aplikheshini yama-herbicide njengo ufuna ukunikeza izithombo ezincane ithuba lokukhula ziqhubeke ngaphandle komncintiswano. Uma ummbila usesitejini sokukhula, kufanele uqhubeke nokuhlola ukhula esilimeni. Uma kunobufakazi bohkhula kufanele wenze i-aplikheshini. ubungozi bohkhula njalo kuze kufinyelele lapho isilimo singwmoza kahle yonke ilanga lisangena ngokwanele phansi kunciphe isibalo sokhula oluqhumayo.

Kwe-conventional system, abalimi bavama ukutshala embhedeni wembewu olungiswe kahle ohlanzekile. Umbhekd wembewu uzolungiswa masinyane emva kwezimvula zokuqala. Iningi labalimi lihamba ngaphambil kwe-planter ne-scarifying cultivator noma i-vibroflex ukuze kungabikhona ukhula ngesikhathi sokutshala. Emva nje kokutshala nobazofafaza izilimo nge-pre-emergent herbicide. Uma isilimo sesimilile, omunye uzosebenzisa imishini yokulawula ukhula ngokuhambisana ne-top dressing aplikheshini ngokusebenzisa i-cultivator eyenzelwe ukuhlanza phakathi kolayini bezilimo futhi isethwe namaqgoma kamanyolo. Lokhu kungenziwa kufinyeleliswe esigabeni esithile ummbile uze ube mude kakhulu.



Kuthanda ukuba nzima ukulawula ukhula ngoba izitshalo zokhula ziya ngokuqina.

Isimo esifanele i-aplikheshini Yamakhemikhali

Njalo khumbula ukuthi uma ufafaza ama-contact chemicals, ukuthi izimo ezifunekayo ezi-fudumele, ezithule, ezivilile. Ukhula kufanele lukhule ngamandla ukuze lumphumelelise imiphumela emihle. inisekisa ukuthi isifafazo sisethwe ngokufanele nokuthi kuba nomoya omncane noma ongabikhona nhlobo ukunciphisa ukuntanta kwasifafazo. Uma ufafaza i-pre-emergent chemicals, isimo ezifunekayo yizimo zezulu ezithule nezikhemezelayo. Lokhu kuzosiza amakhemikhali amunceke angene enhlabathini lapho engavimbela kahle inqubo yokuqhuma kokhula.

Ukhula lungaba nomthelela oyimbubbiso esivunweni ongasithola sesilimo. Abalimi kufanele bahlole ukhula njalo emasimini abo. Akukho okungenza kahle uma kukhona umncintiswano uvimbayo. Yingakho thina njengabalimi kudingeka senze konke esingakwenza ukunciphisa umthelela wokhula ezilimeni zethu. Impumelelo izonqunywa amandla ethu okuhlelela phambili kanye nokuzinikela kwethu ekuhloleni isimo samasimu ethu nezinyathelo esizithathayo ukuwanakekela.

*I-athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews,
i-Bachelor in Environmental Management.
Uma ufuna iminininingwane egcwale, thumela
i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.*

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
► 08600 47246 ◀
► Fax: 051 430 7574 ◀ www.grainsa.co.za

UMHELEI OMKHULU

Jane McPherson

► 082 854 7171 ◀ jane@grainsa.co.za

UMHLELI

UKWABA

Liana Stroebel

► 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE

NOKUSHICILELA

Infoworks

► 018 468 2716 ◀ www.infoworks.biz



**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**

Isizulu,

IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

**Uhlelo IweGrain SA
LokuThuthukisa amaFama**

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ◀ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ◀ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombohi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ◀ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ◀ Nonhlahlala Sithole

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)

► 082 354 5749 ◀ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ◀ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Louwsburg)

► 082 650 93157 ◀ graeme@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8069 ◀ Sydwell Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)

► 078 791 1004 ◀ ian@grainsa.co.za

► Office: 039 727 5749 ◀ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)

► 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

► Office: 012 816 8057 ◀ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)

► 082 877 6749 ◀ dutoit@grainsa.co.za

► Office: 012 816 8038 ◀ Lebo Mogatlanyane

Julius Motsoeneng

North West (Taung)

► 076 182 7889 ◀ julius@grainsa.co.za

Sinelizwi Fakade

Mthatha

► 071 519 4192 ◀ sinelizwifakade@grainsa.co.za

► Office: 012 816 8077 ◀ Cwayita Mpotyi

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST

I-Grain SA i-inthavywe... uZoliwe Nombewu



za engezama ukuyenza ngcono njalo,
ikhono lami lokuthola intengo enhle
yanoma yini engiyidingayo noku-
xhumana nabantu.

Ubuthakathaka: Ubuthakathaka
bami ukungabekelani ngezinye
izikhathi, uvalo nokukhulumela
futhi.

**Isivuno sesilimo sakho
saba ngakanani ngenkathi
uqala ukulima? Manje sesin-
gakanani isivuno sakho?**

Ngesikhathi ngiqala okokuqala,
kwakusemhlabeni kamyeni wami
owawungu-4 ha ngokwesayizi.
Bisingakhqiza ngaphezulu kuka-

1,5 t/ha uma isivuno sisihle. Ngaleso
sikhathi i-Grain SA yafika nezindlela ezingco-
no zokukhiqiza ummbila nokulima inhlabathi
yethu. Manje sengifinyelele ku-4t/ha-5t/h esi-
fundeni esingaphansi kwenhlabathi eyomile.
Ngokusobala ngaphansi kwesomiso esibucayi
ngonyaka odlule ngathola isivuno esincane.

**Ucabanga ukuthi umthelela
obalulekile kunqubekela phambili
nakumpumelelo yakho yini?**

Umyeni wami, intshisekelo enginayo yokulima,
uthando lokuhubeka nokufunda nokubeke-
zela kanye nogqozi yokuphumelela ngalokhu
engikwenzayo.

**Uzibona ukuphi eminyakeni
emihlanu? Ngabe yini
ongathanda ukuyizuza?**

Eminyakeni emihlanu ningathanda uku-
tshala u-100 ha - 150 ha emhlabathini olinywa
ngokuhlanganyela. Ngingathanda ukuqhuba
ibhizini lokulima, ngibe umlimi ofanele esi-
godini saseMthatha kanye nokuthuthuka ngi-
dlondlobale ekulimeni. ♦

**I-athikhile ibhalwe ngu-Sinelizwi Fakade,
i-Provincial co-ordinator eMthatha,
EMpumalanga neKapa. Uma ufuna
imininingwane egcwale, thumela
i-imeyili ku-sinelizwe@grainsa.co.za.**